ISONTO LAMAFA LIKA ZWELONKE
12-16 Septemba 2016

CELA UMMELI AKUBHALELE INCWADI YAMAFA - MAHHALA!

Izizathu ezingu- 6
ezenza kufaneleke ukuba ube nencwadi yamafa

1. Kuyilungelo lakho ukunquma ukuthi ngobani abazoba yizindlalifa zempahla yakho.
2. Kumelwe uqinisekise ukuthi umndeni wakho wenzelwa lezi zinhlinzeko ngokuvumelana nezifiso zakho zokugcina.
3. Impahla yakho izoshiywa nezindlalifa ezikhethwe nguwe.
4. Umabi okhethwayo ngumuntu omaziyo, omethembayo futhi okungenzeka ukhethwe nguwe ngokwakho.
5. Uzogwema izindleko ezeqile noma ezingadingekile.
6. Uzogwema ukungajabuli nokulwa phakathi kwamalungu omndeni wakho ngoba kuneziyalezo ezicacile zendlela yokwaba impahla yakho.

Izizathu ezingu- 5
ezenza kufaneleke ukuba usebenzise ummeli ukuhlela incwadi yakho yamafa

1. Ummeli osebenzayo yisazi esiwufundele umsebenzi esibhaliswe enhlanganweni yomthetho (law society).
2. Ummeli unolwazi oludingekayo nobuchwepheshe bokuqinisekisa ukuthi incwadi yakho yamafa isemthethweni futhi ivumelana nazo zonke izimfuneko ezingokomthetho.
3. Ummeli usiza ukuqinisekisa ukuthi impahla yakho yabiwa ngokushesha, ngendlela ephumelelayo.
4. Ummeli angakweluleka nganoma iyiphi inking engase iphakame ngencwadi yakho yamafa.
5. Ummeli angakusiza futhi akusekele njengomabi wamafa (executor).

Izizathu ezingu- 4
okufanele ucabanga ngazo ngaphambi kokuba wenze incwadi yakho yamafa

1. Ubani kufanele atholeni?
2. Ngobani okufanele babe ngabaqaphi abasemthethweni bezingane zakho ezisencane (labo abangaphansi kweminyaka engu-18)?
3. Ngubani okufanele abe ngumabi wamafa akho?
4. Ingabe kufanele ucabangele incwadi yamafa ahlanganyelwayo nowakwakho?

Izizathu ezingu- 3
ngomabi wamafa

1. Umabi wamafa kufanele abe impahla yakho ngokuvumelana nentando yakho.
2. Umabi kungaba ngummeli wakho, owakwakho noma ilungu lomndeni noma umngane.
3. Uma unquma ukuba kube owakwakho, ilungu lomndeni noma umngane, kuhlakaniphile futhi ukuqoka ummeli njengomabi owumsizi njengoba ummeli ezokwazi ukubhekana nanoma yiziphi izinkinga ezingokomthetho.

Izizathu ezingu- 2
okumelwe uziphathe uma uyobonana nommeli

1. Umazisi (ID) wakho (kanye nomazisi wowakwakho uma nihlanganyela inewadi yamafa.
2. Uhlu lwalokho eninakho (kubandakanya nezinto zomuntu siqu enifisa ukuzinika abantu abathile ngokukhethekile) nanokuthi ubani uzothola ini.

1
Isinqumo esisodwa esenziwe

Yenza uhlelo lokubonana nommeli ukuze akubhalele incwadi yakho yamafa - MAHHALA ngeViki 12 kuya ku-16 Septhemba 2016 Lamafa Kazwelonke.
Yizincwadi zamafa ayisisekelo kuphela ezizobhalwa. Alukho ushintsho oluzokwenziwa ezincwadini zamafa esezikhona kakade.

Angatholakalaphi ummeli ozokwenza incwadi yakho yamafa:
www.LSSA.org.za

LAW SOCIETY OF SOUTH AFRICA

Ngale kwalokho, shayela inhlangano yomthetho (law society) yesifundazwe efanele?: Ngabameli abakulezi zindawo -

- eGauteng, eMpumalanga, eLimpopo, eNorth West shayela iNhlangano Yomthetho (Law Society) yama-Northern Provinces kule nombolo (012) 338 5800;
- Eningizimu, eMpumalanga naseNyakatho Kapa shayela i-Cape Law Society kule nombolo (021) 443 6700;
- eFree State shayela i-Law Society of the Free State kule nombolo (051) 447 3237;
- KwaZulu-Natal shayela i-KwaZulu-Natal Law Society kule nombolo (033) 345 1304.

Noma ushayele i-Law Society of South Africa kule le nombolo (012) 366 8800.

ISonto Lezincwadi Zamafa Kazwelonke liwumzamo wokubambisana we-Law Society of South Africa kanye namalungu ayo ayisithupha ayakhayo, i-Black Lawyers Association, i-Cape Law Society, i-KwaZulu-Natal Law Society, i-Law Society of the Free State, i-Law Society of the Northern Provinces kanye ne-National Association of Democratic Lawyers.
Lolu hlaka luhlinzeka ngolwazi kuphela futhi akumelwe lubhekwe njengeseluleko esingokomthetho.